IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

51/2015 Intshumayelo ngesonto 19 emva komkhosi wobuThathwemunye, ngomhla ka 11. 10. 2015
Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.
Izwi elongamela leliviki, lilotshiwe kuJer. 17:14, lithi: **"Ngiphulukise Jehova, ngiyakuphuluka; ngisindise, ngisindiswe, ngokuba uludumo lwami. "**

1. Iculo 143/127
2. **Umkhuleko:** Baba wethu osezulwini, Nkulunkulu oNgcwele sibona umusa nobubele bakho kithina esiyizoni, wasithumela iNdodana yakho ukuba isihlenge emandleni esono, emandleni kaSathane, nasemandleni wokufa okuphakade, siyabonga intethelelo yezono etholakala ngenxa yoMsindisi wethu onguJesu Kristu, sicela usiphe namuhla ukukholwa okuyikho ukuba sikholwa nguye uJesu Kristu onguMhlengi wethu, siphephele kuye ngazo zonke izikhathi. Sikhuleka egameni lakhe. Amen.
3. Izwi leTestamente elidala lilotshiwe
   Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabase-Efesu 4:22-32
   Ivangeli ngohlelo lwesithathu lilotshiwe kuMarku 1:32-39.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ..
5. Iculo 133
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayel

7. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 2:1-12, lithi: "Wabuye wangena eKapernawume emva kwezinsuku ezithile; kwezwakala ukuthi usendlini. Kwase kubuthana abaningi, akwabe kusabakho-ndawo nangasemnyango; wakhuluma izwi kubo. Beza kuye bethwele umuntu ofé uhlangothi, ephethwe ngabantu abane. Bengenakusondela kuye ngenxa yesixuku baqaqa uphahla lapho ekhona, bathi sebebhobozile behlisa uhlaka alele kulo ofé uhlangothi. UJesu ebona ukukholwa kwabo wathi kofé uhlangothi: Ndodana, uthethelelwe izono zakho. Kepha kwakukhona ababhali abathile behlezi khona, bezindla ezinhliziyweni zabo ngokuthi: Lo ukhulumelani kanje na? Uyahlambalaza. Ngubani ongathethelela izono, kungeyena uNkulunkulu yedwa na? UJesu ekwazi masinyane emoyeni wakhe ukuthi bazindla kanjalo phakathi kwabo, wathi kubo: Nizindlelani ngalokhu ezinhliziyweni zenu na? Yikuphi okulula ukuthi kofé uhlangothi: Uthethelelwe izono zakho, noma ukuthi: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uhambe, na? Kepha ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono - wathi kofé uhlangothi - ngithi kuwe: Vuka, uthathe uhlaka lwakho, uye endlini yakho. Wayesevuka, wathatha masinyane uhlaka lwakhe, waphuma phambi kwabo bonke, baze bamangala bonke, bamdumisa uNkulunkulu, bathi: Asizange sikubone okunje." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu izwi lanamuhla lithanda ukusifundisa ngendaba enkulu, indaba yokuthethelelwa izono zethu ngoJesu Kristu onguMsindisi wezoni, ngendaba yokusivulela isango lezulu. Lelizwi liyasikhumbuza ngokuthi uJesu unamandla ukusipha thina abantu

konke esikuswelayo ekuphileni kwethu, kodwa usipha okukhulu kakhulu kunalokhu okungukuphila okuphakade ngokususa lento esahlukanisa noNkulunkulu, uBaba wethu osezulwini, ngisho izono zethu. "Ukuze nazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni okuthethelela izono", waphulukisa lesosiguli ngokuthi: "Vuka, thatha uhlaka lwakho, uye endlini yakho." UJesu Kristu onguMninimandla onke unamandla wokuthethelela izono. Siyalazi lelizwi elithi: "Kepha yena onamandla okwenza okukhulu kakhulu kunakho konke esikucelayo nesikuqondayo ngokwamandla asebenza kithi, makube kuye udumo ebandleni nakuKristu Jesu ezizukulwaneni zonke zaphakade naphakade. Amen." Yebo uJesu Kristu unamandla njengoYise osezulwini ukusipha okukhulu kakhulu kunakhu konke esikucelayo nesikuqondayo.

UJesu Kristu wafundisa eKapernawume endlini. Abantu abaningi babuthana khona ngoba efundisa njengonamandla kungenjengababhali. INdodana kaNkulunkulu uJesu Kristu washumayela ivangeli likaNkulunkulu, wathi: "Isikhathi sigcwalisekile, umbuso kaNkulunkulu ususondele; phendukani, nikholwe yivangeli." Abantu abaninigi babonile ukuthi nanku umuntu ongafani nabanye abantu, babone umuntu ofundisa ngamandla. UJesu Kristu wafundisa ngamandla, waphulukisa nabantu abagulayo. Ukufundisa ivangeli likaNkulunkulu nokuphulukisa abantu kwamhluganisa nabanye abantu, wayengakwenzi njengabantu balomhlaba, kodwa njengeNdodana kaNkulunkulu. Kodwa abantu abambonanga njengayo, babemthatha njengomuntu nje. Babezindla ezinhliziyweni zabo ngokuthi: "Lo ukhulumelani kanje na? Uyahlambalaza. Ngubani ongathethelela izono, kungeyena uNkulunkulu yedwa na?" Kodwa abathile babebona ukuthi ungubani. Abathile babekholwa, abathile bambonile ngamehlo wokukholwa. Njengokusho kukaJohane: "Bonke abamukelayo wabapha amandla okuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu, labo abakholwa egameni lakhe, abangazalwanga ngagazi, nantando yenyama, nantando yendoda, kodwa bazalwa nguNkulunkulu."

Ake sibhekisise kahle labo abaphethe, abathwalayo lomuntu ofe uhlangothi. Izwi lithi: "Beza kuye bethwele umuntu ofe uhlangothi, ephethwe ngabantu abane." Labo abane bakwenzani? Bafunani? Ngicela ukuthi sibabheke kahle. Bathwele umuntu ongakwazi ukuhamba ngezinyawo zakhe, umuntu ofe uhlangothi. Bayaphi? Bafiza ukumisa logulayo kuJesu Kristu. Kodwa abaphumeleli ngenxa yisixuku. Abakwazanga ukusondela ngendlela ejwayelekile ngenxa yesixuku, kodwa abayekanga ukuzama, abadelanga ukufinyelela kuye uJesu. Bayasusa izinselele zonke, bayanqoba izinselele ukuba baphumelele ngesifiso sabo, ukumisa lomuntu ezinyaweni zikaJesu. Ababhekanga ecaleni, esandleni sokunene noma esandleni sesinxele kodwa emgomeni wabo, abaphendulanga nomthwalo wabo, abajikanga endleleni, abashongo ukuthi, sizozama ngelinye ilanga. Qha babeqonda ngqo kuJesu Kristu. Labantu abane bayisibonelo esihle kithina esingamakholwa. Ngithanda ukufanisa abazali nabameli abaphethe izingane zabo embhapathizweni nabo labo abaphethe lomuntu ofe uhlangothi. Nabazali nabameli abacela umbhapathizo bafisa, bafuna usizo kuye uMsindisi wabantu, bacelela

omunye umuntu usizo. Ngithanda ukufanisa bonke abantu abakhulekela abanye abantu nabo labantu abane abenzayo umsebenzi omuhle kulo ofe uhlangothi. Ngithanda ukufanisa abantu abayisa izingane, abangane, izihlobo, izisebenzi noma omunye umuntu kuJesu Kristu nalabo abane ababeletha lesosiguli kuMsindisi wabantu. Ngiyacela ukufanisa abantu abavusa izingane zabo ngesonto ekuseni, abazigeze, abaziqogise ukuba ziye esontweni nalabo abane abathwala umuntu ofe uhlangothi. Bathandekayo ugogo ophelezela abazugulu bakhe esontweni, ongasho ukuthi bayahlupha, uyakwenza umsebenzi njengalabo abane abathwele umuntu ohlakeni lwakhe. Othuma izingane esunday school naseklasini uwenza lomsebenzi wabathwali. Ake singakhathali, singadiniswa yizinselelo, ake sifunde nathi ukubhoboza uphahla osihlukanisa noJesu njengalabo abane, sizame ngamandla amaningi, ngezindlela eziningi ukuletha abantu bethu kuJesu Kristu. Ake singajiki endleleni. Ake singakhathali endleleni kodwa sifune izindlela eziningi ukunqoba izinselelo ezisivimbayo endleleni eya kuJesu Kristu.

Lithi izwi lanamuhla: "UJesu ebona ukukholwa kwabo!" Wabona ukukholwa kwabo! Kusho ukuthi uyabona ukukholwa kwabazali abazikhathelelayo izingane zabo, abaziyisayo kuJesu Kristu, uyabona ukukholwa kagogo wethu osiyisayo kuJesu Kristu embhapathizweni. Uyabona ukukholwa komuntu okhulekelayo abanye abantu. Uyabona uma sithwala, siyise abantu abangakwazi ukuhamba ngokwabo kuye. Akadeleli umsebenzi wethu esiwenzayo ukuba abanye bafike kuye. Ake singaphezi kulomsebenzi ukuyisa abantu abangakamazi uJesu Kristu kuye. Ake singakhathali ukubayisa kuye ukuba basindiswe, bathole usizo, bathole intethelelo yezono zabo.

Ake sibone ukuthi uJesu uyaqala ngokumthethelela izono zakhe. Lokhu kuyivangeli elikhulu. UJesu Kristu wafika emhlabeni ukusindisa abantu ezonweni zabo. Yebo, unawo amandla ukuphulukisa umuntu ogulayo, kodwa okubalulekile kakhulu kunalokhu kuyintethelelo yezono zethu. Ukuphulikisa umuntu esifweni sakhe kuyamsiza kulokhu kuphila okulapha emhlabeni, ukuthethelela umuntu izono zakhe kuyamnika ukuphila okuphakade. Njengokusho kwekhathekisemu lamaluthela: "Lapho kukhona ukuthethelelwa kwezono, kukhona nokuphila nobukhosi obungapheliyo futhi." Bathandekayo eNkosini uJesu Kristu umkhulu kakhulu kunezinyanga zethu, uJesu Kristu uyinyanga eyiyo, kodwa okukhulu kakhulu kunalokhu kungokuthi: UJesu Kristu unguMsindisi wethu. Akasisizi kuphela kulokhukuphila esingakho lapha emhlabeni, kodwa uyasisiza, uyasisindisa ukuba sizuze ukuphila okuphakade embusweni wakhe. Uma ethi: "Ndodana, uthethelelwe izono zakhe!" uyamvulela izulu.

Ake sibhekisise ubukhulu benkonzo yesibiko. Nakhona uJesu Kristu uyasho lamazwi kithina esiphila namuhla, esidabukile ngezono zethu. Nakithi uJesu Kristu uMsindisi usho lamazwi, nathi uyasivulela isango lezulu ngokusithethelela izono zethu, uthi: "Ngiyathethelela izono zakho zonke!" "Isibiko sihlanganisa okubili; okokuqala: ukuvuma izono; okwesibili: ukwamukela ukukhululwa, okuwukuthi ukuthethelelwa kwezono kumfundisi songathi kuNkulunkulu uqobo, kungangatshazwa neze, kodwa kukholwe nqi ukuthi izono zithethelelwe ezulwini phambi kukaNkulunkulu." Ake singangabazi

kuloluthando lukaNkulunkulu, uBaba wethu osezulwini, uyathanda ukusithethelela izono zethu egameni likaJesu Kristu onguMsindisi wezoni.

Ake sihlanganise konke ngemisho emithathu: UJesu Kristu ubona, ukwamukela umsebenzi wamakholwa, uma eletha abantu abangakwazi ukuza kuye ngokwabo kuye, akadeleli umsebenzi wabo. UJesu Kristu uyathanda ukusisiza, kakhulu ngokusithethelela izono zethu ukusivulela ngalokhu isango lezulu. UJesu Kristu uyasipha kakhulu kunalokhu esikuqondayo nesikucelayo. Masimbonge uMsindisi wethu ngakho konke esinakho nangalokhu esiyikho. Amen.

9. Umkhuleko: "Mbonge uJehova, mphefumulo wami; konke okuphakathi kwami makubonge igama lakhe elingcwele. Mbonge uJehova, mphefumulo wami, ungakhohlwa imisebenzi yonke yakhe yomusa, yena othethelela zonke izono zakho, owelapha zonke izifo zakho; okhulula ukuphila kwakho ekubhujisweni, okuqhelisa ngomusa nangobubele; osuthisa ukulangazela kwakho ngokuhle, ubusha bakho bubuyiswe njengokhozi." Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo - /144

Ukuthula kukaNkulunkulu okudlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zenu nemicabango yenu kuKristu Jesu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2015 ngu-P. C. Weber

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.